Dictionary Elisha

The King Cetshwayo Dictionary, compiled by Robert Charles Azariah Samuelson, Solicitor, Natal. 'Lux Veniet'

Lencwadi isineminyaka ecish'ibe amashumi amane ilungiswa, iyincwadi enkulu kakulu. Futi iwapete onke amazwi nazo zonke izinhlamvu zesiZulu, ngingasho ukuti akukozwi naluhlamvu oluseleyo.

Iyakutike ibasize bonke abayisebenzisayo noma abahlezi ezinkantolo noma abablezi ema Ofisi, noma abangoDotela bokwelapa noma abeFundisi. Isizakucindezelwa kona manje. Uma ke wena ofundayo lapa uyifuna lencwadi ungatumela igama lako nekeli yako egcweleyo. Loko senzela ukuba sibazi abayifunayo ngapambi kokuba icindezelwe, ikona koti uma isicindezelwe sibe ke sesibatshelake nenani layo sesibatumela ke futi yona. Bhalaka namuhla nje uqondisa ku:

F. M. Cele.
P. O. Box, 1257,
DURBAN,
NATAL.

Ilanga lase Natal.

Igez'elincokazi, elipuza yonke imilambo nemicacazo. Linababhaleli zonke izigojana. Nampa abatengisi betu elitolakala kubo. Olifuna ngeposi atumele lap'Ohlange, Phoenix.

Durban Native Market, F. M. Cele.
" 113 Field Street, KwaNgobamakosi.
" 124 " " KwaGulakuseni.
" Prince Alf. Str., C. Gumede.
" Native Location, ...
" Point, Bell Str., J. Mcanyana.
Verulam, Thomas V. Ntanzi.
Stanger, S. S. Ndhlovu.
Sipo Bulose, Mapumulo.
Hill Crest, Elijah Nxumalo.
Pietermaritzburg, A. J. Sililo.
Ixopo, Paulos Cenco.
Vryheid, B. E. Mhlongo.
Greytown, E. M. Zuma.
Dundee, J. Ngubane.
Ladysmith, S. H. Maduna.
Newcastle, E. ka J. Kuboni.
Witbank, Ezra Koza.
Emtulwa, Mt. Elias, M. B. Mazamane.
Standerton, Isaiah Tshabalala
Volksrust, S. B. M. Sloomala
Ermelo, W. Galela.
Johannesburg, Christian Literature Depot.
" Jeppe'stown, Miss E. East.
" Braamfontein, J. Mota.
New Clare, Jno. S. Hlabi.
Pretoria, A. N. Mahlangu.
Germiston, Thomas Msimang.
Roodepoort, Sampson Sibisi.
Brakpan, J. M. Shibe.
Barberton, Barnes Myiseli.
Port Elizabeth, P. O. Box 400 James Boag.
Rhodesia, Plum Tree, S. L. Kupa.

Kwa Mfundisi.

Eduze nakwa MNYAMANA,
111 a FIELD STREET
DURBAN.

Isitolo esinamandhla kakulu impela sanelisa wonke umuntu, wesilisa nowesifazane. Noma izinto zipakeme nje ake nizozibonela. Nohamba nidelile. Sitengisa ngezibalala, amasholo os'Embatwangapi, amabhayi, iziNtshodoamaRhwada, amajazi, namabhantshi esekuke kwagqokwa. izijalimani ngemibala yonke, amaPlinti amahle noKetshimiya, noSetini, noNtolibhantsh, abatsha, amashidi, namakwiliti emibhede, izitsha zokudhlela namabhodwe, zonke izinhlobo zamabhokisi.

Wozani nizotata inhlanhla, ngokuqala nihlole kwaMFUNDISI.

Isimemezelo.

Iziqiti zami ekade zimenyezelwa lapa epepeni ukuti ziyatengisa kade kusahambe ukwenza iPlan. Selilungile ke namhla. Bonke abase betele imali mabeze bazobona iziqiti zabo sezinama Number. Obengakezi masheshise alete imali ngoba seziti azisobele.

E. M. CELE.
Ohlange, Phoenix.

THE REVIVA REMEDIES

LEMITI IXUBE IMITI YEMITI EGAZINI I AMAPILLS.

Ukudhla kwe gazi, nemitambo, nemisipa kuwo wonke umzimba. Aniseza igazi elibomvu elinotile. futi aleta amandhla kwababutaka, ngu 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA KIDNEY BEANS

Lawa ngumlungisi nomhlanzi wemvelo, ahlanza izintso. Zonke izifo zeSinye neZintso.

REVIVA LIVER PETELLS.

Lo usheshisa ukupilisa isisu esonakele nesibindi esingasebenzi kahle—1s. 6d. ngebokisana.

Lemiti enosizakalo emakayeni ifanele uba ibe kuwo onke amakaya

Ingu 1s. 6d. ngebokisi, kubo bonke abatengisa ngemiti. Nxa ungenaku yitola lapo ukona, bhala ondise kitina, ufake imali soknturnela ama pills ngokushesha. Iposi ikokelwa yiti 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA MEDICINE CO.,
Dept. Y No.1. Burg Street, Cape Town

QONDANI EMATSHENI

Ku'

KLEMENS, Umlongisi Umkandi WeziNkatali.

Indawo engcono yokulungisa iziNkatali. Ngisho lufe kanjani, luyavuka ngokushesha noma selwahlula abaningi. Woza kimi luzovuka lube lusha, lukale kahle futi njengokutanda kwako. Noma inhlobo enjani. Futi ngitengisa ngezimpahlana ezincane, zonke izinhlotshana ungazitola kimi.

Qondani, Ematsheni ku
K. L. N. SYESH.
Auto-Harp Repairs,
Native Market,
Victoria Street, Durban.

ISAZISO.

Uma ufuna umuti wezilo yiya esitolo otenga kuso ufike ubize HARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE (Umaqotula) uqinisekeni ukuba lowo muti akunika wona unesitombe sendhlovu uqapelisise ukuti unegama lika HARTLEY. Ninga panjaniselwa. Nibuze kumnini vinukili uma engenaye UMAQOTULA ngitumeleni igama lake bese'ngitumela kuye, ngokwenza loko niyobe nisiza mina.

Mr. A. H. TODD,
Umkemisi Wabantu,
RED HILL, Natal.

The Paragon Sharpening & General Repair Works.

W. A. Kinlock.
179, Umgeni Road,
Durban.

Umloli wezinto zonke ezinobukali, umkandi wezihlutulelo, umvusi wemishini yokutunga yazo zonke izinhlobo, inyanga yezitofu, umhlanganisi wensimbi ngomtofu nangetusi nangokwayo yodwa.

1keli laseckaya: Inanda M. S., Phoenix.

Isifundo sesikole seSonto

Esesine, Nov. 9.

UKUVUMA OKUKULU KUKAPETRO Matt. 16:13-24.

ISITATELO:—USimon Petro wati, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Matt. 16:16.

Amanye amavesi notisha: Mark 8:27-38; Luke 8:19-26; Joh. 6:66-69.

UDABA LWEZINGANE:- Uyise womuntu owatemba uJesu nokwashiwo nguPetro, Joh. 4:46-53, Matt. 16:13-17. Okujongiweyo :—Ezinganeni kukonjwe okwaholela uPetro ukuti uJesu yiNdodana kaNkulunkulu, kwabadala kukonjiswe futi ukuti ovuma uKristu kuhle alungele ukumandela.

Ezinganeni landa indaba kayise womuntu owetemba kuJesu ubese uti abantwana mabalande ezinye izinto ezimangalisayo ezenziwa nguJesu. Ubese ubatyela ukuti ngolunye usuku uJesu wahamba waya kude nabafundi bake basuka kubantu abaningi ababezinge bemlandela baza baba bodwa entabeni ende. Wase uJesu ebuza kubafundi ukuti abantu batini ngaye. Yiqube ke indaba ize igcine ngokusho kukaJesu kuPetro ukuti ubusisiwe ubese ufundisa ivesi lesitatelo.

Kwamanye amakilasi fundisa lesifundo ukuba siegesinye isikati ekukuleni kwokufundiswa kwabafundi ngezinyatelo ezimbili zokuya pambili:

I. Ukuvunywa obala kukaJesu ukuti uyindodana kaNkulunkulu. II. Indhlela yesipambano kuJesu nabalandeli bake.

Shayelela isifundo ngokukumbuza futi izenzo zikaJesu ekade zibonwa abafundi nokuholela kwazo ekuvumeni loku kukaPetro. Abafundi babeya ngokuya bekolwa yiloku kepa manje kwase kuswelekile ukuba bageuliswe kahle bakuvume ngoba kwabe kuzuzifika kubo isikati sokuvivinywa. Kwase kusele izinyangana nje kufike isikati sokubetelwa kwake, abafundi nabanye abaJuda abase betemba ukuti uJesu uzohlala esihlalweni sobukosi basemhlabeni abe yinkosi abe nawo onke amandhla nodumo oluhamba naleso sikundhla. Uselingake uJesu ukubalungisela okuzayo nokucasisa okuyilona luhlobo lombuso wake, wokuzidela nokukonza kepa usanyatela kancane kakulu ngoba abaqondi. Petro isifundo ugokubuza umbuzo owabuzwa ngoJesu wokuti, "Nina niti ngingubani ?" eklasini ulihlele ukubona ukuti ivesi lama 24 lisho nokubo; ngoba uma sifuna ukulandela iNkosi kuhle sihambe ngendhlela eyahamba ngayo. Abanye bazi kanjani esikolwa yiko? Imbala siyakwazisa ? Siyalinga ukukanyisela abanye ukuba nabo bakoliswe okwetu ?

Ukukanyisa amanye amavesi angalandela: "Nomunye kubaprofeti", loku kuti "ukuti omunye umprofeti uvuke ekufeni" (Luke 9:18.) Siyazi ukuti uHerod wabeti uJesu nguJohane umBaptizi owamnquma ikanda, usevukile ekufeni.

"Wena ungu"Petros" napezu kwalelidwala (Petra ngesiGriki) ngiyakwaka ibandhla lami". Igama lokuti Petro livama ukusho itshe abe u'Petra' esho idwala. Lesi yisitembiso esishiwo kuPetro esagcwaliswa ngodumo olukulu mdhla intshumayelo kaPetro ngoSuku lwePentekoste ipendula abantu abayizinkulungwane zingena embuswenI kepa yisitembiso kuPetro sokuba emele nabanye abayishumi nambili ababe zaungena kulesositembiso ngokuvumisa okwake uKristu nabo; penyani abase Efesu 2:20 neSambalo 21:14. Pela, leliqiniso malingasemzi sikohlwe ukuti uKristu yena uqobo uyitshe lesisekelo (1 Kor. 3:11) indikimba okwakelwa pezu kwayo isisekelo sabantu. Kulumbe uJesu wati, "Wena unguPeter, ucezu lwedwala, ngiyakwaka itempeli lami ipezu kwedwala labadela wena oyisihlepu salo lo ngcwele mina."

"Amasango esihogo," okushiwo yo ukuti, umbuso wokufa awuyikuba namandhla pezu kwalo; liyauba unganafu.

"Ngiyaukunika", nakwabanye abafundi. KuMatt. 18:18, 19 nabo abanye bafakwa esitembisweni esiseki ngeneni kulelivesi.

"Izihlutulo zombuso weZulu" izihlutulelo ziyinto okuvulwa nagazo indhlu kona kuzaungena abantu. "Umbuso weZulu" ayi lapo kubalala kona ababusisiweyo abafileyo kepa umbuso kaNkulunkulu lap'embi beni. Abafundi babepete izihlutulelo ngoba njengokukolwa kwabo abantu bayauba ngabombuso noma bessale ebumnyameni obungapandhle. Wusipete wena lesisihlutulelo? Ukona esesimyelele umnyango wensindiso?

"Oyakukubopa emhlabeni," kusho ukuti ongakunqumisela usho ukuti kunqunyiselwe. Oyakukulula emhlabeni, okungukuti oyakuvumela uti kuvunyelwe.

"Baze bangatsheli muntu," nakati bona babe gcutile ukuti uJesu yiNdodana kaNkulunkulu, uMesia owatenjiswayo, abakasiqondi isimilo seqobo salobubuMesia, ngako uma sebe kuhlokomisa funa kutikazeke okuyiwona msebenzi kaJesu.

"Suduka kimi Satan," uJesu waengasho ukuti uPetro nguSatan, kepa waevukela uSatan qwaevusa isilingo sake esidala ngoPetro.

Abantwana besikole abapapatekileyo.

Le yinkati yonyaka epapatekisa abantwana besikole. Bevalekele endhlini amahora amaningi ngosuku belungisa izifundo ngakusihlwa, mhlaumbe begubeka ekutoleni ukuxukuza imizimba okwaŋele pandhle, igazi labo liyahlweza. Ake uqatanise nbuso bomntanako nobabuyiko ngehlobo elidhlule. Katisimbe aukubonanga ukuti igazi selihlweze kanjani ngoba ukupendvka kwalo kwaya ngokuya.

Inxa umntwana ozade ecaçile epapeme esequnqile, seku umsebenzi ukudhla kuye, eseqoma ukuhlala pansi afunde kufanele ukusola ukuti igazi liyahlweza nokuti umntwana upel'amandhla. Ngenye intati kubakona ukukwelwa yikanda nokupuma umongozima. Loko kufakazelisa insolo leyo. Lesiesimo siaengozi eningi ngoba igazi selihla li umnyango ovulekileye ezifweni eziningi ikakulu ngenkati evamisa ukuguqula umoya. Kepa isimo eselapeka kalula inxa siputumekile. AmaPink Pills kaDr. Williams auga tolakala nakumupi umkemisi noma ngqo kwaDr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town ngo-3s. 3d. ngegabha libe linye noma abe sitapu ngo18s. ungalikokeli iposi. Igabha lomuti olingene ukwelapa amaseato amabili. LamaPills angabaki abaka alu begazi nabahlumisi. Ayiwona uxuli du wamandhla ongabilile odingwa nabantwana.

Abantu baseNatali esikatini sasenduto.

(NGU NDABAZABANTU)

(Igutshwa kwelidhlule)

EmLazi ke, ngenhla nabasema'Tulini, kwakukona esinye isiqepu sabakwaMdhlali, amaJebe njalo, bekanye nalabaya baseMngeni. Ngapezulu kwabakwaMdhlali, kwakungabakwaNqondo nabakwaNkabane. Enhla neLovu kwakul'izwe labakwaNtshele. EMkomazi ke, ukutatela ezansi emaTulini, kwakungabakwaShoba, nabakwaNomandhla, nabakwa Vundhle, na basemaNtanjeni ngapambili kwaFa fa. Nganeno kwoMzimkulu kwaba kona abakwaGwayi, nabasemaShawini, nabakwaCekwane.

Ake-ke nazo-ke izizwe zamaLala ngoqo lwawo, zonke lezo. Lababantu ukwehla kwabo, beza kuleli laseNatali, behla begudhlile ulwandhle, bepuma ngasemaTongeni; ngoba pela zonke izizwe lezi ezimnyama eziseSouth Afrika zaqamuka kona enyakato. Basebeti, ukuwela qede uTukela abanye bapenduka babhekisa kwelasenhla, izwe balenyusa. Kepake kute sebengene eMzinyati, bafumanisa izwe selakiwe ezinye izizwe, ezicish'ukufana nabo kodwa, eziteselayo nje njengabo, kona izilini zoua zahlukene Lezizizwe ke kaziqamukanga ngasolwandhle; zehla ngeyasenhla indhlela. Kwati kona loko kujwayelana kwabo nabeSutu, zasezitatile kakulu igazi nemikuba yakona. Ngemvelo yazo zazikanye nezizwe zaseSwazini; kwangati zihlanganisile igazi labaNguni kanye nelabeSutu, nelamaTonga futi mhlaumbe.

E! abaseMbo ke (abakile ngapesheya kwoTukela ngezansi nasendhlanganweni yalo noMzinyati), esiqwini pansi, ngabalolu luhlobo. Kodwa bona babehlile ngendhlela yangezansi; ngaloko akuqamanga kubona kakulu ufuzo lwabeSutu. Nganeno ke kwomfula oPisweni, yilapoke kwagcina kona izwe lamaLala. Ngapambili kwakona, eNadi, sase siyahlangana-ke nolunye uhlobo, lona lolo ekade siti lwaluti malufane nabaseSwazini—abakwaZondi kuqala, kanye nabakwaNxamalala. Umuntu was'awela uTukela qede, kona kwaNxamalala, wangena ezweni lesizwe esikulu esikanye nabo labo. sakwaDhlamini, akuti nje abasemaKuzeni, nabaseKunene, nabaseNhlangwini, nabanye. Ukwenyusa njalo uTukela, konke lelo lasoNdini labe lakiwe ngabasemaZizini; kwati ke eMankamane, kwaze kwafika eMzinyati, kwaba izwe laseMabeleni. E! yizoke izizwe zabaNguni baseSwazini, ezabe zakile kulelizwe laseNatali, mzukwana kuqamuka uShaka, wona umhlaba.

Kasisho kambe ukuti sesizibalile saziti du zonke izizwe ezazikona eNatali kulesosikati; siketile lezo ezaziqamile nje zodwa. Ezinye kulezozizwe ke kaziseko namhla. Ezinye uTshaka waziqotula nya; zabaleka, zaposeka le eKoloni, lapo zafika zaqedana zodwa kumbe zahlakazeka pakati kwezizwe zakona. Yibo njalo okutiwa namhla ngamaMfengu.

Futi nalezozizwe ezasala neno, zangabalcka, kumbe zabuya ekubalekeni kwazo, namhla sezaqepukana zaqepukana zodwa ngokutatana, ukuba umuntu kusimze kumdide nje, czwa abantu bezisho ngezibongo ngezibongo ekade zingaziwa kuqala.

UMSEBENZI WOMZALI.

Umfana wako uhlala edwetshwa, kwa, elimala. Ngoba lamanxeba e apola kahle akusiyo incwadi yokuayahlala ezipolela. Funa igabha Chamberlain isigcobo sobuhlungu zel'ukuba ukulimala kubhekwe dle. Awuko umuti ongahle uwutodhlula lona. Isihlungu egazini yesiyingozi kakulu ukuzifaka ozini yaso. Sitengiswa yibo bonabatengisi.

AmaHlubi

Isahluko XI.

AMAZWI ESIJEZO SIKA LANGALIBALELE.

Amazwi ayejeziswe ngawo uLangalibalele kwatiwa uhlubuke umbuso, walwa noHulumeni, wabulala abantu abebetunjwe komkulu; ubizwa ngu Hulumeni, kepa wala ukuza ngoba edelela uHulumeni.

Izwi elaba buhlungu ku Sobantu yileli: Ukuba uLangalibalele ajeziswe ngecela elikulu kangaka kepa anganikwa mmeli wokumpenyela emazwini ajeziswe ngawo. Kwaba buhlungu futi ukuba ati uMr. John, onguyena mmeli wakomkulu, eyazi yonke leyo ndaba etshiwo nguLangalibalele eyenziwa nguye uqobo kuMatshana, izitshwe ingavezwa pambi komkandhlu oteta lelocala. Ati futi uMahoiza aqamb'amanga ati wahlutshulwa izingubo wanqunisiwe. Ngaloko wazifuncla u'meli ngokwake uSobantu wokubuzela uLangalibalele, wamisa uMr. John Bell Moodie ukuba asize apenyele uLangalibalele icala lake. Akubangako ukuzwelana noSir Benjamin Pine noMr. Moodie, uHulumeni waqulusela pambili, wamnqumela oka Mutimkulu ukuba amukiswe ayobotshelwa eRobben Island, ahlale kona aze afe.

Kute uba kube njalo wavuka kaloku uSobantu wazibhala waziqondisa kona eCape Town, evimbela uSir B. Pine ukuba angamyisi uLangalibalele ezweni okungesilo elakubo njengalapo eKipi. Kwaba lukuni iParlamente laseKipi labe linamadoda azwelana noSobantu amadoda anjengo Saul Solomon, umnumuzana omkulu otanda abantu, anqaba impela ngaleso sikati ukuvuma ukuba uLangalibalele ajeziswe ngokuletwa eKipi lingatetwanga kahle icala lake.

Kulcyo ukati uLangalibalele nendodana yake uMalambule owabe ebekwe icala naye lokubulala umuntu, basebegudhlulelwa eTekwini. Lapoke noSobantu wabe eselwe walwa waza wavunyelwa ukumbuzela uLangalibalele. Nango-ke esequonda kona eTekwini ukuyakukuluma noLangalibalele, atabate onke amazwi awafunayo, nawomuzi nawokuzalwa kwake, nonina namakosikazi, nabantwana bake. Wahamba-ke kanye nami waya eTekwini, wazinge eya ngakusasa ejele apinde abuyele emva ayongenisa, apindele ngakusasa kwaza kwaba songati izinsukwana ezintatu, waqeda wagoduka.

Ute uba afike ekaya wawalungisa onke amazwi abe ewatata enKosini yamaHlubi, emva kwaloko wacela ku Hulumeni umbuzeli kaLangalibalele, esembete ngegama ummeli omkulu owabe eseTekwini ngaleyo ukati, uMr. Goodricke; Watshetsha ukuvuma uSir Benjamin Pine, esetikwe kakulu yizinkulumo ezipuma kwezinye izindawo ezisola ukutetwa nokubotshwa kukaLangalibalele engenaye ummeli. Ute uba amtshele uSobantu ukuti ummeli ubiza ikulu elinamashumi amabili opondo (120 guineas) wavumela pezulu uHulumeni.

UMr. Goodricke wakupuka nendodana yake. Langena icala kwaHulumeni, ehlezi noSomtseu namaKosi ayizinduna zake (uHulumeni nompakati nezinduna.) Kepa banqaba ngazwi linye asebelikulumile. lokuqinisa ukumdingisa uLangalibalele njengaloku asebekusho kuqala. Wo! watukutela wacinywa ngamanzi lapo uSobantu. Walidhlulisa waliyisa kumajaji eSupreme Court. Nawo amajaji avumela uHulumeni nezinduna zake. Wati efika-ke lapo uSobantu wabe esetukutele wapelela watsho nangomlomo wati "Ngizakuwela."

Kwadhlula izinsuku ezingengaki wawela umfo kaSonzica, eseyakwereka udaba lonke oloniwe nguLangalibalele, loku naugu noSobantu eseluqubele eNkilande kuKwini. Kwatula ngesikatshana kwati nya. Wawela umfo ka Colenso omde waqonda kona kwaNdunankulu (uLord Carnarvon), lapa wafike wahlala amalanga amahlanu, wafika oka Sonzica.

Balizikiza-ke lelo calakazi lako amalanga stile. Lagcina ngokumvumela uSobantu ugokuti, uLangalibalele wabe cbaleka ngokwesaba. Kavukelanga umbuso njengaloko okutshiwoyo. Akukuhle ukuba kutetwe icala elikulu lomuntu engenaye ummeli. Upi, aubonakali lapa ubhalwe kona umteto okutiwa ngowabantu. Kwatiwa uLangalibalele kakululwe eRobben Island, abuyiselwe ezweni lake. Kodwa ngenxa yokuba sekuzwakala umoya omubi wokuhlubuka kubelungu baseNatal (ukuti bayakudubula umkumbi otwele uLangalibalele bonke abayikulu kanyekanye,) kufancle ukuba afunelwe indawo enhle pakati komuzi wase Cape Town, afunelwe ukudhla okuhle akutandayo, ahlale kona, kuze kubhodhle izinhliziyo zabelungu.

Abameli abaningi kangaka laba enibabona lapa eNatal baqamuka ngalowo muhla wecala lasemaHlutshini. Abameli ababekona babe ingcozana, oMessrs. Walker, Buchanan, Dryden (uVula) noGoodricke & Son, nabanye abayingcozona ezingabaqondi kahle, loku senginitshelile ngo Mr. Moodie (owatshetsha watshona, ngenxa yokuba wabe etukutela kakulu uma esepete indaba yomuntu. Ngako-ke konke loku enikubona namuhla kutsha, kwakungeko kuqala.

Ezase Mpolweni

Ngo September kagule abantu abaningi lapa yimfluenza, kwafa abatatu abafazi bashiya, omunye izingane eziyisihlanu omunye ezintatu nomunye ezimbili. Labo ngao Mrs. P. Mutyani noMrs. M. Nyongwana noMrs. N. Mycza. Bonke lata beku abantu abaziwayo kahle, abayeni babo abyala kalela nezingana ezisele zodwa.

o o o

Kwagula abannigi abantwana kaNdulu kepa inkolisa yabe yabuye yasinda. Kwaba kona nezingane ezafaya ngaya leyonkati.

o o o

Ngo September 12 abantwana besikole babegabha umkosi wabo wokupela kwempi. Babutana esikoleni ngo 10 o'clock Umfundisi Ewen nenkesikazi babekona noMnumzani uMegadi kanye nabanye abazali nezilobo Kwahlatshelelwa igama kwakelekwa umkuleko nokubonga, kwafundwa nenewadi evele kumhloli omkulu. Emva kwamagama amabili ahlatshelelwa ivkwaya lesikole uRev. Wm. Ewen waposa amazwi kubantu clanda ngokubena eFrance. Wabakomkisa isigqoko samabuto aseBritaiuia nesiseFrance nesaseGermany kanye nezigubuzelo zokutiya uGesi zamaNgisi nezamadalimana. Zafakwa abafana bake Std. V zafa yinsini izingane. Kwase kwabiwa izipu ezivela kaHulameni, bonke-ke base besho uMtandazo weNkosi neHubo leNkosi nezenanelo ezintatu zenzelwa uKing.

o o o

Abantwana base behla beya etafeni elingasemfuleni lapa kwalikwe kwajabwa kona kwadhlalwa nangokuqiqe kwaze kwati ngo 4 o'clock imiklomelo (imali, namagabha kaSende. nensipo namaduku, namakamu noswidi etc.) yabelwa abapumelelelyo.

o o o

Umijaho yabantu bepakati umsakeni noweBarrow, nowemlenze mitatu wabakanga kakulu abantu. Abadhlula abanye singelande ngoba baningi kakulu. O waotisha umjaho wabukelwa ngokutokoza. Bashiwa uguMiss Jeannie Maziwela edhliwa izitende ngu Miss Evelyn Mutyali noMiss Christina Ngukane.

o o o

Kwakungati kuzoboniswa imfanekiso yeMagic Lentern kusihlwa kepa kwati ngenxa yokuba abantu abaningi begula yimfluenza emagatsheni kwasala sekuputa, osekuya kwenziwa ngokuvalwa kwesikole. Imiklomelo yabiwa ngu Miss Maria Kumbule waseGirls' Home kona enkundhleni yemidhlalo. Sibabonga bonke abapumelelisa kahle kanje usuku lwabantwana.

o o o

Kade egula yimfluenza uMiss Miriam Mkize. Wake wati ukuya eGeccedale ukuyotela omunye umoya. Sitokozile ukumbona esabuya epilile.

o o o

Lomisile kabi lapa. Kungati selinile yonke indawo kepa Impolweni isomile nomfula usumncane kakulu utshani bona sekumhlope.

o o o

Kwakukona inkonzo enhle kakulu ngeSonto lika Sept. 28 mdhla kubekwa amaLunga ayishumi nanye ase Mpolweni namagatsha ayo.

o o o

Watika lapa ngo Sept 22 no 23 uMiss Hopkinson ebambele izikole wahlola imitungo wake wabati hlokolozi abantwana ngezifundo zeHygiene nePhysiology, bakutakazela kakulu ctisna bonke abafunda eIntermediate School.

o o o

Sike sahanjelwa lapa ngulley. Pulemon yeni ngo October 14th Pela omdala wake wafunda kona lapa esikoleni sabafana ngeminyaka engamashumi amabili edhlule. Utokozile kakulu ukubona indawo nomuhluko osukona.

Wanted.

A Native Hospital Attendant. None but experienced men need apply Apply stating Salary required and enclosing copies of recent references to ATTENDANT, P. O. Box 15.
Dannhauser.

ASTHMA & BRONCHITIS

These terrible distressing diseases are cured by Sacco Herb Extract. Many grateful letters received testify to the wonderful curative powers of this remedy. Write for our post free booklet, "Hope," containing specimens of testimonials. Sacco Herb Extract is sold everywhere in yellow wrappers at 2/9, 5/- and 8/6 per bottle. Full directions enclosed.

SACCO HERB EXTRACT

Manufactured by Sacco Herb Extract Co., P.O. Box 1832, Cape Town. S.20

Ibase Mgu'udhlovu eTekwini.

IKONSATI EPAMBILI.

Njengoba kwese kuzwakele ngaphambili ukuti uMr. J. S. Gumede nonyaka nje uza eDurban ne Choir Lamakosikazi nabanumzane base Mgu'udhlovu, nempela kwenzeka loko ngoLwesihlanu kusihlwa ngemhla ka 17the October 1919. Kwabe kwenie lapa: oMrs Mtimkulu, Mrs Dambuza, Mrs Jeremiah Gumede, Mrs Andrew Radebe, noMiss Maria Mhlongo. Mr John Radebe, Mr James Ntombela, Mr Alfred Mkize & Mr Rogers Tshange, kepelekezelwa nguRev. A Mtimkulu, Mr. S. S. Dambuza no Mr Jeremiah Gumede.

Umsebenzi wavulwa ngu Mr. Solomon Mhlongo endhlini yesanto base Wesely kuGrey Street, uMr Mhlongo unomunzane wempela ch'enipekayo ayi Gesa lebandh a eTekwini wa qula kahle kakulu umsebenzi epete ishlalo.

Wo ukacula kwakopambili kakulu kwaze kwasukuma uRev. W. J. Makanya wati akuko ukoala ekangapezu u kwaloku, kwedhlula okwezintombi.

UMrs. Majozi inesikazi kaRev. S. G. E. Majozi yaise ihlezi pezu ke Piano ngumhlu no Mrs Andrew Radebe noMr. Jas Ntombela, kwabe ku ibona otabechayela amaSolo. Peke loku bobatatu nezo ahlwaziyo kwasungeko olwesweleko. Wonke latonkesikazi abe cuana Solo ipambili, wonke owayekona wapana engakali ngeshelenl wake.

Kwabe kukona abanumzane abaHlenipekayo oRev. W. J. Makanya nenkesikazi, Rev. Mthiyane, Rev. Majozi, Mr. A J. Mtewa nabanye abaningi. Kwabe kuhlowe ukuba kupindwe esingoMgqibele ngangomaso eLocation Hall lapa abantu bonke babezimisele ukuyokuela kona. Kepa ngo ongakulelwa kweLocation Hall, impati wayo wetembisa elinye ilanga. Basetembisa nabo abahlabeleli ukuti bayokuza futi masinyane. Wena owabe ungeko ungaputelwa ugomuso ukuzokuzwa ezindala zisho, onina kabani weyise kabani, bepetwe yinkunzana yomcuiisi ongu Mr J. S. Gumede eyake yaba semfutweni kuMr N. Lutuli iciko lokuhlabelela.

Yabe ingekó lemisiao lena eyenziwa vizintombi nezinsizwa manje kwabe na uMusic kupela. URev. Mtimkulu uNhlanuya ziyashisa, uNogida eziweni, wabe eseyaluza ejabula ezwa izwi lezingane zake lisho kahle. Babeti uMafukazela wabo. Abaculi bambonga kakulu uRev. Majozi ngempato yake enhle ai apata ngayo, ukubusa okuningi etozini wake loku babefikele kona, impato yeNkosikazi yake okwaze kwahanjwa imi ngezinyawo. Abanumzane oDambuza noMtimkulu babonga umuzi ngokuza kwawo noMr. Mhlongo wabonga abaculi kwapela ngo 11 p.m.

ISIBUKELI.

Zam-Buk

PREPARED FOR

No matter how trivial is your cut or scratch, the safest treatment is to wash the injury and immediately dress it with soothing Zam-Buk. Zam-Buk is a herbal preparation whose herbal extracts which are combined in a way that produces unequalled Healing, Soothing, Antiseptic powers.

CUTS BRUISES ECZEMA ULCERS CHAPS &c.

Obonga umuti wakwaLacombe.

Mdlapi otandekayo.

Baba ngiyatekoza ukuba ngalobe lencwadi, ngidumise udumo lwako pakati kwesizwe esimnyama, ngemiti yako enamandhla. E. kute ngesikati esingapambiyana, ngatata imiti endhlini yemiti yako, kwayeke futi sengingumuntu oliyegu. ngatata imiti yokuba inginikele amandhla. Ekuyitateni kwami lemiti emagatsa ayonaka:—Bodily Weakness Blood Purifier, ngayisebenzisa yombili kuteckupeleni kwayo, ngezwa sengimanandhla njengebhungu elisuka pansi, ngangoba sengingu muntu omminyaka engapezu kwamashumi ayisibozo (80 years) kodwa namhlanje imisebenzana mincane elose ingehlula, ngiyasezwela yona, ngenza yala makambi ako amabili. Impela ngiyabonga kakulu ukwazile ukungikanda ngile nasha.

Lencwadi ngiyibhala ekuba kuti bonke abangowetu. bafumanise lapo bengahlumelela kona amandhla abo, ngakoke ukutasa nokuTonga nokudumisa igama lako ngiyaku qubela ngeso sonke lesi sikati.

Imina obonayo,
T. H. GOBA.
Ekubusisweni School,
Dumisa P. O.,
Natal.

AWUNAWABO.

Ungatungata wonke umhlaba awusoze wawutole emnyaye umuti elingera nokaChamberlai wemeya nokuhlambulula ezifweni zesisu. Aweze ungagcja, ukenika ikefu. Utengiswa yibo bonke abatengisi.